# Ubudemoni

## Endaweni Esemzimbeni

. . . sizo lweNkosi, besingaqhubeka njalo nomhlangano, qobo lwethu. Yingalesosizathu ngijabula ukuwubona uthi ukuqhubeka kancanyana, ngalesosizathu esisodwa. Ngikholwa ukuthi iNkosi izosisiza ukuba sikwenze. [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Manje, niyazi kukhona . . .

Ngiyakuthanda ukuphatha kwabaphathi bami. Nginabanye abazalwane abathandekayo, uBosworth, uBaxter, uLindsay, uMoore, bonke, bahlanu kukho, uBaron Von Blomberg. Bangabantu abahle impela nje. Kodwa kukhona okuthize ngakho, uma uhlanganisa iqembu lamadoda, omunye unokuthize, omunye unokuthize. Mhlawumbe lokho kuphambene nalokho engikucabangayo qobo lwami. Ngakho ngi—ngi—ngizizwa sengathi nje ngikhululekile manje. Singabanaso nje isikhathi esikhulu, nje sikhweze imikhono yethu, futhi nje sifake isandla sidle. Ngicabanga ngokukhweza imikhono yenu futhi sibe nesikhathi e—esikhulu.

IBhayibheli lami lokuqala kwakuyimvelo. Ngafunda uNkulunkulu ngemvelo. Futhi ngiyakuthanda ukudoba. Ngikuthanda kanjani ukudoba! Futhi uyakuthanda ukudoba, mfanyana na? Uma uthanda ukudoba, futhi uthanda unyoko, uzoba ngumfana omuhle. Futhi ngisho nokuphenduka kwami akukukhiphanga konke kimi. Ngakho ngelinye ilanga ngangiphezulu ezintabeni, ngidoba le. Manje, lokhu nje kungokokuba kusizakale lomfana omncane. Futhi ngangidoba phezulu lapho ezintabeni . . . Nakwabanye abantwana abancane, kusobala, abahlezi bezungezile. Futhi ngangidoba inhlanzi itrawuti. Futhi, o, kuyamangalisa, isikhathi sasentwasahlobo. Ngihamba kanjalo, futhi kwakukhona inhlanzi itrawuti emgodini olandelayo nje, uyazi, kanjalo. Futhi nje ngizidumisela iNkosi futhi nginesikhathi esikhulu, ngimemeza. Ngezinye izikhathi, ngiphosa phansi udobo lwami. Ngiyakholelwa ekumemezeni. Amen. Impela ngiyakholelwa. Kusobala, ngiyazi ukuthi kukhona okungibambayo. Futhi . . . [Akuqoshwanga—Umhl.]

2 Kukhona inqwaba yebhere ezweni phezulu lapho, eNew Hampshire. Nginekamu elincane phezulu lapho, lapho engidoba khona. Ngangimise ithende elincane elidala, ithende elidala lomdlwane engangikade ngihlala kulo. Futhi ibhere elimnyama yiyonanto egange ukwedlula konke okukhona. Ngakho, umama omdala webhere namawundlu amancane amabili ayengene lapho, futhi ayengalonile ithende lami ayegange ngalo!

3 Manje, ucabanga ukuthi kwakufanele ngenzenjani kulelobhere, ntombazanyana emuva lapho enalezo zinwele ezibomvu, emuva lapho na? Kwakufanele ngilixoshe ngempela, ngangingafanele na?

4 Kodwa nakhu elikwenzile. Liyangena, ladiliza ithende lami futhi lahlakaza lakhipha yonke into, futhi lidla konke ukudla kwami enganginakho lapho, futhi nje lalizitika. Ngakho ngenkathi ngenyuka, lasuka lahamba. Futhi lanswininiza libiza iwundlu lalo, futhi elilodwa iwundlu elincane labaleka nalo. Futhi elinye alizange libaleke; lazihlalela lapho nje. Lalingifulathele, *kanje*, futhi lalenza okuthize. Futhi ngangingaphethe lutho ngesandla sami ngaphandle kwembazo encane endala yesandla. Ngangikade ngigawula izihlahlana ezansi laphaya. Awu, labaleka cishe ibanga elithi, o, ngiqagele alibe ngangalesiya sigxobo sikathelefoni phandle lapho, futhi lahlala phansi. Lanswininiza libiza lelibhere elidadlana, futhi alikunakanga. Laqhubeka nje lazihlalela lapho.

5 Ngacabanga, "Wenzani lowomfo omncane?" Ngenyuka ngasondela kancane. Ngangesaba ukusondela kakhulu, ngesaba ukuthi lalizongiklwebha. Ngakho—ngakho a—angikwazanga ukubona isihlahla, futhi ngangazi ukuthi lalingagibela futhi. Ngakho, futhi ngakho ngangingafuni ukusondela kakhulu kulo, ngoba ngiyayazi imvelo yebhere. Ngakho, ngathi nje ukuhamba ngasondela kancanyana. Futhi niyazi ukuthi kwenzekani na?

6 Manje, ngiyawathanda amakhekhe amapanikuku. Bangaki kini bafana abathanda amakhekhe amapanikuku na? O, mfana! O, ngi . . . Abafana abadala, nabo. Ngibabonile bephakamisa izandla zabo. Sonke siyawathanda amakhekhe amapanikuku, futhi ngiyawathanda nje, futhi ngithanda ukuwathela uju. NgingumBaptisi, niyazi, yilokho okusenza sihlale siqondile, niyazi, wuju, niyazi. Ngakho, futhi lalelani, angiwafafazi, ngiwabhaphathiza ngempela. Ngiluthela ngempela lapho lusemnandi ngempela futhi lusinda. Angifafazi nje kancanyana lapha nalapho. Ngiwathela ngempela ngalo, ngiwagcwalise onke ngoju.

7 Kwase kuthi-ke, niyazi, ngangikade nginebhakede loju phezulu lapho, uhhafu wegalane loju. Futhi amabhere aluthanda kabi uju. Ngakho lomfo omncane wayengene lapho futhi wasusa isivalo kulelobhakede loju, futhi wayehlezi lapho kanje, nalelibhakede elincane loju eligodle ngengalo yakhe, *kanje*. Wathola i . . . Wayengazi ukuthi ludliwa kanjani, njengoba ningenza nina, niyazi, ngakho wavele wacwilisa isidladla sakhe esincane wase elukhotha *kanjalo*, futhi walukhotha. Futhi waphenduka engibuka, futhi amehlo akhe amadadlana onke aqoqana aba yinxakanxa, isisu sakhe esincane sasesishelela ngempela, sinoju. Wayehlezi lapho nje, ecashisa isandla sakhe phansi futhi ekhotha uju, *kanjalo*, ekhotha esheshisa ngempela.

8 O, he, ngacabanga ngomhlangano wakudala kaMoya oNgcwele, lapho esasivula ibhakede nje, sifake isandla sethu phansi kujeke futhi sikhothe. Silokhu siqhubekile nje, niyazi, sikhotha nje.

9 Futhi niyazi ukuthi into eyayihlekisa kwakuyini, nokho? Emva kokuba lowomfo omncane esezenelisile, wadedela ibhakede phansi waphuma wabaleka lapho. Niyazi ukuthi kwenzekani? Umama oyibhere nelinye ibhere elincane bamkhotha, ukuze basuse uju.

10 Ngakho, awu, mhlawumbe umhlangano wethu uzoba yinto ethi ayibenjalo, ngiyethemba, ukuze nje sikwazi ukulokhu sitshela abanye, nenkazimulo kaNkulunkulu yehlela phezu kwethu. Kulungile.

11 Ngiyajabula ukunibona niphumile bantwana abancane. Ngiyathanda ukunitshela into enjengaleyo. Futhi mhlawumbe kusasa ntambama, sinesikhathi esiningi, futhi—futhi singathi ukukhuluma kakhudlwana. Futhi sizokhuluma nomama nobaba manje ngokuthize.

12 Sizokhuluma ngo*Budemoni*. EmaHubweni 103:1 kuya kwele 3, sifunda lamavesi. Cishe wonke umfundisi nomgcotshwa ebandleni, noma umfundi weBhayibheli, uwazi ngekhanda.

> *Ibonge iNKOSI, O mphefumulo wami: konke okuphakathi kwami, makubonge igama layo elingcwele.*
>
> *Ibonge iNKOSI, O mphefumulo wami, ungakhohlwa imisebenzi yonke yayo yomusa:*
>
> *Yona ethethelela zonke* isono *zakho; eyelapha zonke izifo zakho*;

13 Ngifuna niqaphele lapho, kwaku "zonke." "Ethethelela zonke izono zakho, Eyelapha zonke izifo zakho." Manje singakhothamisa ikhanda lethu okomzuzwana nje.

14 Manje, Baba waseZulwini, siyaKubonga kulentambama, ngokuphumela lapha. SiyaKubonga ngalababantwana abancane ohlezi ezungeze lapha, bangabesilisa bakusasa, nabesifazane, uma likhona ikusasa, uma uJesu elibala. Futhi manje, Baba, sikhulekela ukuthi—ukuthi Uzosibusisa manje njengoba sikhuluma manje ngeZwi laKho, futhi nangesitha esikhulu esinaso, uSathane. Sikhulekela, Nkulunkulu, ukuthi Uzosenza sibeke ingaphambili lithi qekelele, okuhamba ngomshini lapha, amandla kaNkulunkulu, azomelana naye kulobubusuku kuwo onke amayintshi omhlabathi wakhe, Nkosi, futhi umkhombise ukuthi akanawo nhlobo amalungelo angokomthetho, ukuthi uKristu wamehlula esikhundleni sethu lapho eKalvari, lapho Efa, futhi Waphuca ababusi futhi wamphanga uSathane onke—onke amandla ayenawo. Futhi, Nkulunkulu, siphe ukuhlakanipha nokuqonda manje, ukuba sazi futhi sichaze kubantu ukuthi bafanele bazi kanjani

ukuthi baphulukiswe futhi behlule uSathane. EGameni likaJesu siyakhuleka. Amen.

15 Manje imizuzu embalwa sizokhuluma ngo*Budemoni*. Niyaye nizwe kakhulu ngamademoni. Manje, kusasa ntambama mhlawumbe sizoqeda. Bengifune izinsuku ezimbili zaleliviki, empeleni, ukuba ngishumayele ngalokhu. Nje . . . noma izinsuku ezimbili zezinkonzo zantambama, ukukhuluma ngalokhu.

16 Manje, into yokuqala, ukuthi liyini idemoni. Niyaye nizwe abantu abaningi kakhulu bekhuluma ngedemoni. Awu, manje, i "demoni, udeveli," konke kuvela egameni elilodwa, futhi esiNgisini libizwa ngo "mhluphi." Umfo ohluphayo ungudeveli, omubi. Uthi . . . Manje, iBhayibheli namhlanje li, kwabaningi, kubantu abaningi, yincwadi enye endala yasemuva eyayifundwa umkhulu noma ugogo, noma into efana nalokho. "Akukho okuningi kakhulu kulo, elabantu abadala, nokunjalo." Kodwa yiphutha lelo. Elawo wonke umuntu. Futhi amademoni angabahluphi abasihluphayo.

17 Manje, kukhona amademoni elingena emphefumulweni womuntu, futhi lokho kuse, simweni sokusho, lokho kungaba— lokho kungaba se . . . Ngizosho lokhu, nokho, idemoni elingena emphefumulweni yinto ehlupha umphefumulo.

18 Izikhathi eziningi ningambona umuntu mhlawumbe onokuhlanya. Manje, mhlawumbe bangaba ngumuntu ophendukile, ogcwaliswe ngoMoya oNgcwele, kepha nokho ahlanye impela. Niyabo? Kunjalo. Lokho akuhlangene nomphefumulo. Ngumhluphi, niyabo, into ebahluphayo.

19 Manje, konke ukugula, sifanele sithole kuqala ukuthi konke ukugula kwavela kuDeveli. UNkulunkulu akasuye umqalisi wokugula. Akukho-kugula okuvela kuNkulunkulu. UNkulunkulu ngezinye izikhathi uVumela uSathane ukuba abeke ukugula phezu kwakho, njengesiswebhu sokukubuyisela endlini kaNkulunkulu, uma ungalalelanga. Kodwa ukugula, ekuqaleni kwakho, kuvela kuDeveli. Wawungathini nje umuntu akholwe ukuthi uNkulunkulu, uBaba wethu waseZulwini, wayeyoba ngumqalisi wento enjengokugula nokufa na? Awu, qha, Akasuye, akakaze abe wuye, akasoze abe wuye. UNkulunkulu uvumela ukufa ngenxa yokungalaleli. UNkulunkulu uvumela ukufa. Njengomunye umbhali wathi, "Into kuphela ukufa okungayenza, uNkulunkulu ukufakela amahhanisi ekalishaneni futhi kusidonsa kusingenise eBukhoneni bukaNkulunkulu, ikholwa." Kodwa igama elithi *ukufa* lisho "ukwehlukana."

20 UJesu wathi, "Ozwa amaZwi aMi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade." Futhi Wathi, "Mina ngingukuvuka, ukuPhila, okholwa yiMi, noma efa, wophila, nophila akholwe yiMi akasoze afa." Futhi sithwala

imizimba yalowo nalowo phezu kokungenabungcwele kwethuna lethu. "Kodwa akasoze afa."

21 Manje uma uzoqaphela ngenkathi Ekhuluma ngoLazaru, Wathi, "ULazaru ulele."

22 Abafundi, abantu abanjengathi, bathi, "O, uma elele wenza kahle. Wayesho ukuphumula," lokho abakucabangayo.

23 Kodwa Uyafika futhi wakhuluma kubo ngolimi lwabo. Wathi, "'Ufile,' lokho enikukholwayo. Kodwa," wathi, "Ngiyahamba ukuba ngimvuse, ngimvuse." Niyabo? Niyabo? Uma u. . .

24 *Ukufa* kusho ukuthi "hlukanisa." Manje, uma omunye wenu ubengahle, omunye womndeni wakini afe, noma okuthize, yena, uma kuphendukile, abafile. Bafile ngokwephuzu lesimo sabantu. Kodwa nje bahlukanisiwe nathi, kodwa baseBukhoneni bukaNkulunkulu. Abafile, futhi bangeke bafa, akunakwenzeka ukuba bafe. UJesu wathi, "Ozwa amaZwi aMi akholwe NgoNgithumileyo unokuPhila okuphakade, akasayi ekwahlulelweni, kepha wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Ngakho, angeke afa. Noma yini engenakufa, iPhakade, ngeke yabhubha. NgukuPhila okungenakubhubha. UnaKho ngoba uNkulunkulu umphile Khona. Futhi okunge—okungesikho ukuzibonga; kune. . . Akunammbandela. UNkulunkulu umupha Khona.

25 UNkulunkulu uyabiza. Akekho ongeza kuNkulunkulu uma uNkulunkulu engambizanga. UJesu wathi, "Akekho ongeza kiMi uma uBaba engambizi, engamdonsi." Kunjalo na? Ngakho nguNkulunkulu kukho konke. Mhlawumbe kusasa ntambama sizothola okuthe xaxa kancanyana kulokho, ngoba ngifuna ukuletha lento ye*sifo*, kini, ukuze nikubone lokho.

26 Kwake kwaba khona isikhathi lapho khona siba yimbewana kukhokho wethu. Niyakwazi lokho. Udokotela uyakwazi lokho. Awu, niyakwazi, nani, nina bafundi beBhayibheli. Niyazi imbewana yokuphila yaqala kukhokho wakho, ukuba ibe yimbewana, futhi iphuma ngomkhulu wakho, yase ingena kuyihlo, yase iba kunyoko bese kuba lapha osukhona manje. Kunjalo. Ngisho nomBhalo uyakufundisa lokho. Nanku umBhalo wenu uma niwufuna. Ngikholwa ukuthi wathi uLevi wathela okweshumi esesokhalweni luka-Abrahama, owayengukhokho wakhe. Kunjalo na? Ngakho, niyabo, imbewana ibakhona le emuva.

27 Kodwa imiphefumulo yenu yenziwa phezulu ngaphambi kokusekelwa kwezwe, lapho uNkulunkulu edala umuntu ngomfanekiso waKhe uQobo; umoya womuntu; hhayi *i*ndoda ngomfanekiso waKhe uQobo, kodwa *umuntu* ngomfanekiso waKhe uQobo. Niyabo? Wase-ke Ebenza owesilisa nowesifazane, ngaphambi kokuba Aze abe nendoda ngothuli lomhlabathi. Ngifisa sengathi ngabe besinesithuba kulentambama, sithathe

isikhathi sethu futhi sibuye singene kulokho. Sibone nje ukuthi uNkulunkulu . . . Manje, kuphakathi komugqa, kodwa, uma ubona, kwenyuka kuqondane nomugqa ngqo. Niyabo? Ukuthi uNkulunkulu wakwenza kanjani, emuva ekuqaleni, Akwenzayo lapho, nokuthi Wehlela kanjani phansi wangena emhlabeni nokuthi Wamenza kanjani umuntu ngomfanekiso waKhe; wase-ke uNkulunkulu ejika wenziwa ngomfanekiso womuntu, ukuhlenga umuntu.

28 Manje, ngenkathi uNkulunkulu enza umuntu ngomfanekiso waKhe, wayengumuntu ongumoya. Futhi-ke kwakungakabikho-muntu wokulima umhlabathi. Wase-ke Edala umuntu ngothuli lomhlabathi. Manje abahleli bezikhathi zokwenzeka kwezinto emlandwini, nokunjalo, nalababantu abacwaningayo futhi bathole amathambo amadala, nokunjalo, futhi bakholelwe ekutheni umuntu waqala waba yisilwane . . . Ngiyakholelwa ohlobweni olufanele lokuqala esilwaneni. Umuntu uqala esilwaneni qobo lwakhe esinguye, kodwa hhayi ukuthi konke kuvela engqamuzaneni elilodwa. Qhabo, mnumzane, ngoba i—inyoni selokhu yaba yinyoni mhla uNkulunkulu eyenza inyoni, nenkawu selokhu yaba yinkawu, umuntu selokhu aba umuntu. Kunjalo.

29 Manje, ngangikhuluma nodokotela lapha esikhashaneni esincane esedlule, eLouisville. Wathi, "Ngani, Mfu. Branham!" Ngangikhuluma ngokuthi bakanjani abomdabu base Afrika, ukuthi badla kanjani, nje behle nge . . . O, ezinye zezinto ezimbi kabi kunazo zonke osewake wazibona, ukuthi babedla kanjani! Bavele nje bathathe izinto esezonakele, ezinezimpethu, bavele bazithintithe, izimpethu nakho konke. Akwenzi-mehluko kuye. Niyabo? Bathi . . . Baphuze noma yini, akwenzi-mehluko ukuthi kuyini. Wathi, "Kodwa, Mfu. Branham, labobantu abasuye umuntu."

Ngathi, "O, yebo, bayibo. Bangumuntu impela."

30 Ngathi, "Into esondele kakhulu esidalweni esingumuntu, ohlangothini lwesilwane, yishimpanzi inkawu enkulu. Futhi senizame iminyaka eyizinkulungwane ezine ukuthola ukuvungazela okukodwa kuleyoshimpanzi, futhi ingeke ikwenze," ngathi, "ngoba ayikwazi ukucabanga. Ayinakho engacabanga ngakho." O, ungayifundisa izinto ezincane njengehhashi, owowu, noma uyifake izibuko, noma ibheme isigazu, noma izibhalansele ebhayisikilini, igibele ihhashi, noma into efana naleyo, kodwa okufana nje nowowu, ehhashini, noma enjeni noma into efana naleyo." Ngathi, "Iyisilwane."

31 "Kodwa ake ungibuyisele eAfrika, esizweni sasendle ukwedlula zonke abanazo, futhi leso yisizwe esincane sabathwa." Futhi ngathi, "Mhlawumbe ukhokho-kakhokho-kakhokho-kakhokho wakhe wayengazange ambone umlungu nantoni. Into kuphela ayaziyo, akazi ngisho ukuthi yisiphi isandla sokudla nesokunxele. Into kuphela ayaziyo wukudla,

futhi udla noma yini ehlala ezandleni zakhe, uma kuyinyama yomuntu, noma yini okunye, akwenzi-mehluko kuye, nje ukuze adle. Kodwa ake ngimthole eneminyaka emihlanu ubudala, futhi eminyakeni eyishumi nanhlanu ubudala uyobe esekhuluma isiNgisi esihle futhi abe nemfundo enhle. Ngani na? Unomphefumulo. UNkulunkulu wamenza isidalwa esingumuntu, futhi nje unelungelo ngokugcwele lokuzwa iVangeli, okungenani kanye, njengoba sinakho ukushumayela macala onke lapha, yonke iMelika, kubantu, siphindaphinda siphinda, futhi sinxusa, sincenga nakho konke. Ake akuzwe futhi kanye, futhi ngimbheke ekhala kakhulu futhi egijima eya e altare eshesha ngempela." Niyabo? Yebo, mnumzane!

32 Iyilokho-ke inhliziyo yami, mfowethu, namhlanje, uma ngicabanga nge Afrika, nalezozandla ezincane ezimnyama bandla ziphakama, zithi, "Mfowethu Branham, kanye futhi ngoJesu!" O, bakithi! Kukhona okuthize kimi okugubhayo nokuvuthayo. Masinyane nje ngingathola imali eyenele, ngiwelela lapho, futhi. Yilokho engikwenzayo ngawo wonke upeni engiwutholayo, konke, uNkulunkulu uyazi, ngaphandle kwalokho nje engingakudla. Futhi iningi labantu liyangipha izingubo zami. Futhi lokho kuphela engingaphila ngakho, mina, ngokusondela ngamandla ami onke, ngiyiphosa ngqo ezimalini zokuqhuba izithunywa zenkolo uhulumeni akulungisile. Angikhokhi ngisho intela yemali kuyo. Ngize ngifinyelele kwezintathu noma kwezine, izinkulungwane ezinhlanu zamadola, futhi ngiyiwezela lapho futhi ngishumayele iVangeli kubantu engaziyo ukuthi ngalolosuku ngiyofanele ngiziphendulele. Futhi ngiyokwazi ukuthi ngiphendula ngani.

33 Ngangivamisile, uma ngiya edolobheni, ngangibamba umhlangano omkhulu emuva ngenkathi benezinqwaba zemali, futhi benemikhankaso emikhulu nezinkulungwane zamadola, ngangiyinika abesiPhambano esiBomvu nokunjalo. Manje, manje, akusiyo imbibizane kubo, kodwa ukuza wehle ngomgwaqo ngemoto yezinkulungwane ezine zamadola, ufake izingunquza ezinkulu zamadayimane, ubhema isigazu, namadola angamakhulu amahlanu ngeviki emalini leyo abagulayo abant-. . .Qha, mnumzane! Qha, lutho! Futhi kulezi, uthi nje ungaphuma edolobheni, bathi, "abaginqiki abangcwele," nakho konke kanjalo, futhi behlekisa, futhi behlisa inkolo esiyimelayo. Qha, mnumzane!

34 Ithathwa yimi uqobo, naphambi kukaNkulunkulu njengoMahluleli wami, ngiyifaka emsebenzini weVangeli phesheya, ngakho ngiyazi ukuthi ngaloloSuku ukuthi ngiyo. . .lapho ngiyoziphendulela ngobunceku bami, inikelwe ngokufanele. Kunjalo impela, ngoba ngiyaqonda ukuthi njengoba ngiphatha abantu ngiphatha uNkulunkulu. Isimo sami nje kini siyisimo sami kuKristu. Nesimo senu kimi yinto efanayo, kunjalo, kuKristu.

35 Manje, ukubona abantu abanjalo, nokubona ukuthi sinjani isidalwa esingumuntu, khona-ke, nomphefumulo ongenakufa manje, ongeke wafa, ongeke wabhubha, ngeke wenza lutho kuphela uba nokuPhila okuphakade, ukuthi uNkulunkulu ngokuzibusa, ngentando yaKhe uQobo, wanipha khona. Futhi manje bese, manje ngi . . .

36 Ake ngiqondise lokhu kancanyana nje, noma ngisho okuthize. Omunye umuntu uzohamba bese ethi, "UMfowethu Branham ungokaCalvin." Qha, angisuye. NgingokaCalvin inqobo nje uma okaCalvin eseBhayibhelini. Kodwa uma okaCalvin ephuma eBhayibhelini, khona-ke ngingoka Arminius, niyabo. Ngiyakholelwa ebungcweleni futhi ngiyakholelwa kokaCalvin, futhi. Kodwa, bobabili, oyedwa waphumela kwelinye igatsha futhi wahamba nga*le*ndlela, nomunye waphumela egatsheni futhi wahamba ngale*yo*ndlela. Ukuba kwakungangenxa yeNcwadi yabase-Efesu, ukukubuyisa futhi kufakwe endaweni eyiyo lapho uNkulunkulu enza khona, sonke besiyoxoveka. Kodwa bobabili banemfundiso, kodwa baba yize ngayo, ngamunye, lobo ubungcwele nabakaCalvin, futhi, oka Arminius. Manje, abakaCalvin banokuthize okuyiqiniso. Ngiyakukholwa lokho, ukuthi imfundiso yobuCalvin . . .

37 Ngiyakukholwa lokhu. Ekuphepheni, ngikholwa ukuthi iBandla linokuPhepha okuPhakade. Noma yimuphi umfundi weBhayibheli uyakwazi lokho, ngoba uNkulunkulu usevele ushilo ukuthi Kuyobonakala ngaleya kungenasici. Kunjalo na? Ngakho-ke, Kuzobakhona. Kunjalo na? IBha- . . . IBandla liphephe Phakade. Manje, ngabe niseBandleni, yinto elandelayo. Uma niseBandleni, kulungile, niphephe kanye neBandla, kodwa kungcono nihlale eBandleni. Futhi ningena kanjani eBandleni na? Ngokuxhawulana na? Qha. Ukufaka igama lakho encwadini na? Qha, mnumzane. "NgaMoya munye thina sonke saBhaphathizwa sibe-Mzimba munye." Futhi lowoMzimba, uNkulunkulu wawehlulela eKalvari, wawunguMzimba kaJesu Kristu, futhi sibhaphathizelwe kulowoMzimba ngaMoya munye. SinokuPhepha okuPhakade inqobo nje uma siseMzimbeni kaKristu, akukho okungasehlukanisa, akukho okusithintayo. Uma uphuma, uziphumela ngentando yakho. Kodwa impela nje, uma useMzimbeni kaKristu, impela njengoba uJesu avuka kwabafileyo, nawe uyovuka. UNkulunkulu usevele ukwenzile lokho. U . . .

38 Awunakona. O, wenza . . . Ngingahle ngibe yisoni ebusweni bakho, kodwa uma ngikuKristu, uNkulunkulu akasiboni, ngoba izono zaso ziyahlawulwa, iGazi laKhe lihlawulela izono zami lapho. Niyabo? Ngeke ngona, "Ozelwe nguNkulunkulu akenzi isono, ngokuba angone. IMbewu kaNkulunkulu ihlala kuye." Niyabo? Yena, uyavuma, uma enza iphutha, impela, ngayo leyonkathi uyavuma ukusivuma. Uma engumKristu wangempela, uyokwenza. Uma ekugodla, ukhombisa ukuthi

akanalutho, okokuqala nje. Kunjalo. Akanalutho, zisuka nje. Kodwa uma emgumKristu wangempela . . .

39 Khona lapha, utshala uhlamvu lukakolo emhlabathini, luyohlala njalo luwuhlamvu lukakolo. Ogudluthukela bangaluzungeza macala onke, nakho konke okunye, kodwa kuyoba wuhlamvu lukakolo inqobo nje uma lusami. Kunjalo na? Futhi uma umuntu ezelwe nguMoya kaNkulunkulu ngempela, akangeni ephuma, futhi aye emuva naphambili, futhi aphume aye le ezweni naphandle lapha. Qha, mnumzane. Qha, qha. Awusiwo ugudluthukela ngelinye ilanga nohlamvu lukakolo ngelanga elilandelayo. UNkulunkulu akanakho lokho ensimini. Yebo, mnumzane. Uma uzalwa nguMoya kaNkulunkulu, ungumKristu kusukela ngalesosikhathi kuze kube . . . uze umuke, bese-ke u-uba ngongasayikufa, noNkulunkulu. Kunjalo, uma useBandleni.

40 Manje, manje ake sixoxe ngasohlangothini lokufa. Manje, angakwenza kanjani umuntu kulesosimo, kulolohlobo lwesimo, ake agule na? Ngenxa yokuthi umzimba wakho awukahlengwa. Umzimba wakho awuhlengwa. Akunandaba ukuthi kukangakanani, ukuthi ulunge kangakanani, nokuthi ucwebe kangakanani, nokuthi ungcwele kangakanani, nokuthi ukangakanani uMoya oNgcwele, lowo ngumphefumulo wakho kuphela. Nomphefumulo wakho awukapheleliswa nokho. UseneSibusiso nje, isethembiso sikaNkulunkulu, esiyisibambiso sokusindiswa kwethu. Kodwa manje uma singenasibambiso sokuvuka kwethu, akukho-kuphulukisa kukaNkulunkulu, khona-ke angizukuba nasiqiniseko noma lutho ukufakazisa kimi ukuthi kukhona ukuvuka.

41 NjengoKristu nje uma engaphili enhliziyweni yami, uma ngizokuthatha ohlobweni oluthize lwe—lwento eyinjulamqondo le emuva, ngizokukholwa ndawo ndawo kanjalo, awu, khona-ke bengizothi ukuba manqikanqika kancane. Futhi yingalesosizathu, phesheya eAfrika, uma befika, nakhu kukhuphuka izithunywa zenkolo, beletha izinkulungwane zalabo bomdabu, futhi babephatha izithombe zodaka ezikhonzwayo ezindadlana nakho konke okunye, yingoba babezwe nje ngasohlangothini lwesithunzi nenhliziyo nengqondo lweBhayibheli. Kunjalo. Futhi ibandla lami qho yiBaptisti, yiMethodisti, yiPresbyterian, bonke labo abangena lapho. Kodwa lapho sebebone amandla kaNkulunkulu efika ngesibonakaliso, lokho kwaxazulula, bazi-ke ngaleyonkathi ukuthi uNkulunkulu wayenguNkulunkulu.

42 Kodwa, manje, yini eqala lokhu ukugula na? Manje, into yokuqala, kungumoya ngaphambi kokuba kube yisifo, ngokufanayo nje njengoba nawe wawungumoya ngaphambi kokuba ube yisidalwa esingumuntu. Manje ngizothatha uMfowethu Willetts lapha njengesibonelo. UMfowethu Willetts, ngi . . . Kwake kwabakhona isikhathi lapho wena nami

sasingelutho. Kwase kuthi-ke into yokuqala, uNkulunkulu wasipha ukuphila. Futhi ake sithathe, sithi, uma ngithatha umzimba wakho phansi kulentambama, wena wenziwe ngesigejane samangqamuzana, abanjwe ahlanganiswa ndawonye ngama-atomu izithako ezincuncu. Futhi manje, ngelinye ilanga lawoma-atomu ayobhujiswa, uma uJesu elibala. Uyohamba ubuyele emuva. Bayoba njengoba babenjalo nje ekuqaleni, babuyele emoyeni. Kodwa uma umoya wakho usubuya, lawoma-atomu ayoqoqana ndawonye futhi kanye nalomoya futhi aveze omunye uMfowethu Willett onjengalowo nje, kuphela ukuthi uyobe esemusha, ngenkathi esemusha sha.

43 Uma umuntu esedlule cishe emashumini amabili-nanhlanu eminyaka ubudala, uthola imibimbi embalwa phansi kwamehlo akhe, futhi sekungena nezinwele ezimpunga. Kuzoba njalo, ngoba ukufa kuyakulandela. Futhi ngolunye lwalezizinsuku kuzokuthatha. Akunandaba ukuthi ungubani, kuzokuthatha. Kodwa kuthi kancane kancane...Uyongena ekhoneni lapha, noNkulunkulu uyokukhipha kulelokhona, futhi ungene kulelikhona *lapha*, ukufa kuyocishe kukuthole, futhi nangapha, kodwa emva kwesikhashana kuyokuthola. Kodwa ke, ukufa okungakwenza, kuyabhuqana, bese kuthi e...uma sekwenze konke okungakwenza...Ngenkathi uNkulunkulu ekunika lokhukuphila, futhi wawusemusha sha, lapha cishe emashumini amabili-nantathu, ngenkathi usungena ekuvukeni uyobuya nse unjengoba wawunjalo ngenkathi unamashumi amabili-nantathu eminyaka ubudala, amashumi amabili-nanhlanu, ngaphambi kokuba kungene ukufa. Ukufa kuyoba nayoyonke into okungayenza. Kungena lapho, kodwa uyobuya ngqo ngendlela owawuyiyo.

44 Manje, uma ngalinye lamangqamuzana enu—enu emzimbeni wenu, ake sikuthathe phansi manje, uba yingqamuzana nengqamuzana, ingqamuzana nengqamuzana, futhi libekwe ngalodwa lapha emsamo, emva kwengqamuzana ngalinye emzimbeni wakho, uyokwehla uze ube yimbewana encanyanyana lapho owaqala khona, ngeke wabonwa ngeso lemvelo. Ungadingeka ubuke ngezibuko zesibonisakhulu. Sengike ngayibona imbewana yokuphila ngesibonisakhulu. Ibukeka njengomucwanyana omncane wentambo. Nento yokuqala eqalayo kuba semgogodleni ngqo, kunjengefinjwana. Lelo yingqamuzana elincane lokuqala elanda phezu kwengqamuzana.

45 Manje, ukuba ngangizothatha lelongqamuzana ngalinye elincane lelo lowo nalowo wenu ophuma kulo, ingqamuzana lilodwa elincanyanyana, imbewana...Yini imbewana na? Imbewana ngokuncane okuncanyanyana, ingqamuzana elincane kunawo onke. Awu, yini esemva kwalokho na? Manje, nginithathe phansi kusukela kuzo zonke izicucu zakho, kwehle kuye kulelingqamuzana elilodwa elincane, futhi angikakutholi

njalo wena. Ngisenamangqamuzana akho nje achayiweyo. Awu, bese, into elandelayo, amangqamuzana egazi, namangqamuzana enyama, nanoma ayini, echaywe onke lapha, kodwa angikakutholi njalo wena. Futhi sengehle ngaze ngayofika embewaneni eyodwa manje. Awu, ngizohlakaza lelongqamuzana elincane. Manje, ukuphi wena na? Ukuphila kwakho. Futhi ukuphila kwenza ingqamuzana lokuqala, okuyimbewana, bese konke kufana nemvelo yakho; inja ifane nenja, inyoni ifane nenyoni, umuntu afane nomuntu. Amangqamuzana akhulayo, ingqamuzana engqamuzaneni, ingqamuzana engqamuzaneni, kwenyuke kuze kufike lapho osukhona, isidalwa esingumuntu, ukukhula kwamangqamuzana. Manje, lokho kwamiswa nguNkulunkulu ukuba kube njalo.

46 Kodwa, manje, uthini ngomdlavuza na? Ake sikhulume ngaye kancanyana. Manje, uNkulunkulu wakunika ukuphila kwakho wena. Futhi asithi, nakhu ukhona namhlanje, nakhu ngikhona, aku—akukho lutho esandleni sami, kodwa kungahle kubekhona umdlavuza esandleni sami ngesinye isikhathi. Awu, ufike kanjani lowomdlavuza lapho na? Ake sibone ukuthi lowomdlavuza uyini, manje ake simthathe ngayedwa, ake sihambe simthathe. Manje, uyisixheke samangqamuzana, futhi. Benikwazi lokho na? Ithumba, isilazi esisesweni, noma yiyiphi yalezozinto zingamangqamuzana. Ayinasimo. Eminye yawo uyasabalala, neminye ibukeka njengolwembu, neminye ubukeka . . . ihamba ibe yimidwa, umdlavuza obomvu, njengemicu emide ebomvu nje ihamba yedlule. Futhi bese kubakhona umdlavuza oyimbali ngokuvamisile ovela ebeleni lowesifazane, unjengamakheke amapanikuku ebekwe phezu kwamanye, bese-ke ihamba isabalala. Futhi nje imila noma kuphi.

47 Ngezinye izikhathi amathumba ama lutsheku, *ngapha*, made, angumhubhe, nakho konke. Awanasimo, ngoba aphuma emoyeni ongenasimo. Kodwa kungamangqamuzana akhulayo. Yisixheke samangqamuzana a, asithi, kuwe njengamanje yithumba noma umdlavuza, ukhula ube amangqamuzana, uyakhula, uyakhula, uyakhula. Uyadla, umunca impilo yakho kuwe. Uphila emgudwini wegazi. Izilazi emehlweni sithatha amanzi eso bese sikhula ngaphezu kwawo ngqo, bese sizimboza, sivale amehlo akho ngci. Abanye babo uyafika futhi angayitholi neze . . . njengexhwala, elifika nje libe yimbewana encane. Akukho-sayizi walo. Usayizi ofanayo wembewana eyenza indlovu, wenza i—itekenya. Niyabo? Akukho-sayizi wembewana.

48 Futhi ezinye zazo zithatha isimo somzimba, ezinye ayikwenzi neze. Futhi ezinye ayingeni neze emangqamuzaneni. Enye iba wumoya, uhluphe umphefumulo. Sizozama ukuthola leyongxenye, ngizoyishiyela ikusasa ntambama leyongxenye,

uma ngingahle ngikwazi, ukuthi uvelaphi lowomoya-mphefumulo, nokuthi kanjani phansi ngaphansi kwa*lapha*.

49 Futhi manje, bangane, angikusho lokhu phansi kohlobo oluthize lwenjulamqondo. Sengineminyaka ngibhekene namademoni, futhi niyakwazi lokho. Ukuba nje beniyazi into, emva kokuphela kwezinkonzo ebusuku, ukuthi kwenzekani ngesinye isikhathi. Anazi. Khumbulani, uma ubhekana nomoya, ufanele wazi kahle ukuthi ukhuluma ngani. Ungami nje lapho futhi uqhubeke, ngoba akuzukusiza ngalutho. Kodwa uma ngempela idemoni lizokulalela, lizokuqonda. Akuyi ngokuthi umpongoloza kakhulu kangakanani, akuyi ngokuthi uthela amafutha amaningi kangakani. Yilokhu okungemuva lapha elizokuqonda, iQiniso. UJesu wathi nje kulo, "Phuma."

50 Khumbulani, abafundi babekade bekhahlela futhi besonteka, futhi bezama ukulikhipha, nakho konke. Bathi, "Asilikhiphi ngani thina na?"

Wathi, "Kungenxa, yokungakholwa kwenu."

51 Wathi, "Phuma kuye." Umfana wawa futhi wayekade enesithuthwane esinzima ukwedlula sonke ake abanaso. Niyabo? Niyabo? Ayaliqonda igunya.

52 Bukani labobafana ezansi lapho, lezozinzulane ezazibone uPawulu ekhipha odeveli. Bathi, "Nathi singenza into efanayo," amadodana athize ompristi. Ngakho ayehla futhi athi, "Singabakhipha odeveli." IZenzo 19. Ehla aya kumuntu owayenesithuthwane, ayesethi, "Siyanifungisa, uJesu. Phumani kuye!" Udeveli wathi . . . "Manje, eGameni likaJesu amshumayelayo uPawulu!"

53 Udeveli wathi, "Manje, ngiyamazi uJesu noPawulu ngiyamazi, kepha nina ningobani na?" Niyazi ukuthi kwenzekani. Wagxumela indoda, waklebhula izingubo zawo, futhi abanesithuthwane qobo lwawo, futhi agijima aphumela emgwaqeni.

54 Lawomademoni afanayo ayaphila namhlanje, ngakho kukhona inqwaba yentshisekelo eyeqile. Leli yibandla, kulokhu ukuhlwa. Kukhona inqwaba yentshisekelo eyeqile ezweni namhlanje, ebizwa ngokuphulukisa kukaNkulunkulu, ebifanele ivalwe. Yilokho okuletha ukuthukwa phezu kweMbangela yangempela. Yingakho ninomzabalazo olukhuni kangaka. Kukhona inqwaba yento ebizwa ngenkolo, namhlanje, ebifanele ivalwe; ayilutho kuphela yizinkoloze! Yilokho okwenza iBandla likaNkulunkulu leqiniso libe nomzababalazo olukhuni kangaka ngakho. Kodwa siyiMelika, niyabo, yileyondlela okufanele kube yiyo. UNkulunkulu uthi ukolo nezintandela namakhakhasi kwakhula ndawonye. Ningazami ukukusiphula. Yekani kukhule ndawonye, kepha ngezithelo zabo niyabazi. Akukho-zithelo, ngani, akukho-kuPhila, akukho-lutho lapho.

55 Manje, qaphelani lelingqamuzana. Ake sithi, isibonelo nje, njengasesikhathini esiningi, umdlavuza obomvu ngokuvamisile ugadla esizalweni sowesifazane, ulimaza isifazane nokunjalo. Manje lokho, ake sithathe lokho, lowomfo phansi manje, engqamuzaneni lakhe, lo—lomdlavuza. Manje umdlavuza . . .

56 Yonke into emvelweni ifanekisa okomoya. Nikuqaphele lokho na? Yonke into emvelweni ifanekisa okomoya, kungakhathaleki ukuthi yini.

57 Isibonelo nje, njengalokhu, uma—uma sizalwa eMzimbeni kaKristu, kukhona izinto ezintathu eziletha ukuZalwa kwethu. Futhi lokho yizinto ezintathu ezaphuma ekuphileni kukaKristu ngenkathi Efa. Nakho kuphuma emzimbeni waKhe, amanzi, iGazi, uMoya. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Kunjalo."—Umhl.] Izinto ezintathu, lokho yizinto ezintathu esedlula kuzo uma sizalwa ngokusha: ukulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Manje, lokho konke kungaba yisenzo esisodwa. Kodwa kuthatha . . . Kodwa ungaba sesimweni sokulungisiswa ngaphandle kokungcweliswa. Ungakholwa yiNkosi uJesu Kristu futhi ube usalokhu uqhubeka nokungcola kwakho. Kodwa ngokoqobo ungaphila kukho kokubili kwelungisisiwe nempilo engcwele ehlanzekile, futhi ngaphandle kukaMoya oNgcwele. Niyabo, iBhayibheli, uJohane wokuQala 5:7, wathi, "Bathathu abafakazayo eZulwini, uBaba, iNdodana, noMoya oNgcwele . . . futhi uBaba, yiZwi, noMoya oNgcwele," owayeyiNdodana, "nalaba abathathu bamunye. Futhi bathathu abafakazayo emhlabeni, amanzi, iGazi, noMoya, futhi bavumelana entweni yinye." Abamunye, kodwa bavumelana entweni yinye. Ungeke waba noBaba ngaphandle kokuba neNdodana; ungeke waba neNdodana ngaphandle kokuba noMoya oNgcwele, ngokuba abehlukaniseki, bamunye. Uziqu-zintathu usebunyeni.

58 Angikuzwa ngapha, kodwa nikuzwa kakhulu ezweni lonke, enye yezinto ezinkulu ukuzedlula zonke emaqenjini emaPentecostal, yinxovanxova kuleyonto eyodwa elula. Sengike ngaba nawo amakhanda awo ehlangene impela futhi ngafakazisa kuwo omabili akholwa yinto efanayo. NguDeveli phakathi kwawo, yilokho kuphela. Uma lelobandla elikhulu lamaPentecostal belingahle u- . . . lilahle phansi leyo emincane, imikhuba emidala futhi ahlangane ndawonye eBandleni likaNkulunkulu elilodwa elibusisiweyo, uHlwitho belungafika. Kodwa inqobo nje uma uSathane engawagcina enoqhekeko, kulungile. Leyo yindlela yakhe yokukwenza. Futhi ngokoqobo bakholwa into efanayo.

Omunye uthi, "Awu, *lokhu* yiLokho."

59 Ngathi, "Awu, uma *lokhu* kuyiLokho, ngakho-ke Lokho yi*lokhu*." Ngakho nakho lapho okhona. Ngakho, konke kuyinto efanayo. Kodwa nakho lapho okhona, kulowoziqu-zintathu kamthathu-emunye kaNkulunkulu. Manje, manje,

uNkulunkulu ebunyeni baKhe. UNkulunkulu uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele. Manje, asisho ukuthi "onkulunkulu bethu," njengabahedeni. Ngu "Nkulunkulu wethu." Niyabo? KunguBuntu obukathathu bukaNkulunkulu.

60 Manje qaphelani, manje, uSathane ukuziqu-zintathu naye. Futhi amandla akhe akuziqu-zintathu.

61 Manje, kodwa qaphelani-ke uma amanzi, iGazi noMoya kuveza ukuZalwa okusha. Kunjalo na? Manje qaphelani. Yilokho okumele ukuZalwa okusha. Yini emele ukuzalwa kwemvelo ngaphambi kokuba kufike ukuZalwa okusha na? Ngenkathi . . . Nina bomama, uma ingane izalwa, yini into yokuqala na? Amanzi. Okulandelayo, yigazi. Okulandelayo, niyabo, lokho kwenza ukuphila, niyabo, kwenza umuntu. Amanzi, igazi, umoya.

62 Manje, umdlavuza, ake sibhekane naye abe ngokwethu okulandelayo. Sisele cishe nemizuzu emihlanu, ngiqagele. Cishe imizuzu emihlanu elandelayo, ake sibhekane nomdlavuza. Uyini lowomfo na? Umeleni na? Ungumthuthambi. Umele inqe, lidla izinto ezifile. Futhi umdlavuza uvela ekulimaleni, ikakhulukazi, lapho ingqamuzana lishayeke khona futhi li—liyephuka. Nengqamuzana elincane phakathi lapho liba ngelihlubukile. O, lelo yigama elikhulu kumBaptisti, alisilo na? Kulungile, kodwa liyahlubuka, lelongqamuzana. NgingumBaptisti okholelwa ekutheni kukhona ukuhluba.

63 Omunye wathi, ezansi lapha emhlanganweni wase Arkansas ngelinye ilanga, wathi, "Mfowethu Branham," wathi . . . Kwakungumfo oyiNazaretha. Wayekade ephulukisiwe. Wayeneyakhe . . . Ehamba phezu kwedolobha ngqo, nezinduku zakhe zokuqhugela ehlombe lakhe. Wathi, "Uyazi ukuthini?" Wathi, "Ngenkathi ngiqala ukufika lapha," wathi, "Nga—ngangicabanga ukuthi u . . . ngakuzwa ushumayela, ngangicabanga ukuthi uyiNazaretha." Wathi, "Ngase ngibona iningi labantu liyiPentecostal, futhi ukhona ongitshele ukuthi wena uyiPentecostal. Futhi manje usuthi uyiBaptisti." Wathi, "Angikutholi."

64 Ngathi, "O, kulula lokho." Ngathi, "NgiyiPentecostal Nazaretha Baptisti." Ngakho lokho ku—lokho kunjalo. Kulungile. Qha, simunye kuKristu Jesu, ngoMoya oNgcwele usenza sibe munye. Kunjalo.

65 Manje, qaphelani, lelingqamuzana elincane lihlubuka uma lilinyazwa. Liqala kancane. Ezinye izimbewana ezincane zigijima ziye phambili ukunikela ngezimpilo yalo phakathi lapho. Futhi yilobobuhlungu obufika esilondeni. Lokho ngamasosha amancanyanyana elwela impilo yakho. Agijimela phezulu lapho futhi—futhi ashaye lowo phoyizeni, lawomandla amademoni elizama—ezama ukuqoqelana phakathi lapho, futhi anikele ngezimpilo zawo. Yilokho okwenza . . . Yilokho

oku. . .Angamasosha afile ayisigejane esincane, lobobomvu obusegazini lakho. . .obusesi—sesilondeni, anikela ngezimpilo zawo ukusindisa eyakho.

66 Manje, uma ingqamuzana elincane like lenqaba phakathi lapho futhi lelidemoni laze laqala, liqala ukukhula, liqala ukwandisa amangqamuzana. Wakha umzimba impela nje njengezingane zenu ziqala esizalweni senu, futhi njengoba nawe wenza kunyoko. Ingqamuzana phezu kwengqamuzana, ingqamuzana phezu kwengqamuzana, ingqamuzana, noma ngayiphi indlela, nomaphi; nje, awunasimo salutho njengesidalwa esingumuntu, ufuze imvelo yawo. Nje uphuma emoyeni. Ukhula nje noma ngayiphi indlela, futhi uyoqala ingqamuzana phezu kwengqamuzana, ingqamuzana phezu kwengqamuzana.

67 Futhi manje, into yokuqala niyazi, uzoqala ukuba buthakathaka futhi uzizwe usugula. Uye kudokotela futhi uyokuhlola. Mhlawumbe angawutholi. Uma ewuthola, mhlawumbe uyowusika. Uma engawusika kucace, kulungile, usuwutholile. Kodwa uma engenakuwusika kucace, khonake uma usemphinjeni noma ndawo ndawo lapho ongeke wasikeka khona kucace, ichashazana elilodwa lawo liyoqhubeka liphile. Niyabo, ngoba alinjengawe obunganquma isandla sakho bese kuxazululeka, kumbe noma yini, noma unqume. . . Engikuqondile, uma ubunganquma umzimba omkhulu, futhi ushiye isandla sakho lapho, ngani, ubungephile. Kodwa—kodwa, niyabo, lokho akunaso isimo sokuphila njengoba wena unaso. Kungamandla edemoni enyakaza.

68 Futhi manje qaphelani, niyibiza, udokotela ukubiza, “ngomdlavuza.” UNkulunkulu uwubiza “ngodeveli.” Bukani namhlanje. Bavele bawuthole nje. . .Lavelaphi igama elithi *umdlavuza* na? Livela e. . .egameni lesiLatini elisetshenziswa emagameni ezokwelapha, elisho “inkalankala,” inkalankala oyibona ngasogwini lolwandle, inayo yonke leyomilenze. Yileyondlela o—owenza ngayo, uyaphuma, usabalale. Igama elithi umdlavuza yinkalankala. Futhi uyangena futhi ubulokhu ubambelela nje futhi umunca igazi lapho lihamba, njengembambela isilwane esinezingalo eziyisishiyagalombili noma okuthize. Ngani, ithumba, isilazi esweni, nezinye izifo, zonke ziphuma embewaneni, naleyombewana ifanele ibe wumzimba. Futhi ngaphambi kokuthi ibe wumzimba, ifanele ibe wukuphila. Ngaphambi kokuthi ikwazi ukudala noma—noma imile futhi yenze amaningi amangqamuzana, ifanele ibe wukuphila. Kuyikho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Manje, wavelaphi lowomdlavuza na? Ubani, kwavelaphi lokho na? Kwakungekho kuwe lapha esikhathini esithize esedlule, kodwa manje mhlawumbe usukhona kuwe. Wavelaphi na? Ungokunye ukuphila okwehlukile ekuphileni kwakho, kuhlala kuwe. Futhi

kuyahlupha, kuthena ukuphila kwakho. Yingalesosizathu uJesu elibiza ngo "develi."

69 Babiza isithuthwane namhlanje, bathi, "isithuthwane." Ngani, isithuthwane, eBhayibhelini, uJesu wasibiza ngo "develi." Ngenkathi indoda ifika nomfana owawela emhlabathini, futhi wakhihliza amagwebu, nakho konke, wathi, "Unodeveli, futhi isikhathi esiningi umphosa emlilweni, emanzini."

70 Manje bapholisha igama lakhe futhi bakubiza ngesithuthwane, kodwa ungudeveli. Futhi uJesu wathi, "Wena develi, phuma kumntwana!" Impela. Manje, isithuthwane ngokuvamisile sibangeka ekukhathazweni yinso. Mhlawumbe ningena kulokho kamuvanyana. Niyabo? Kubangela isithuthwane, kusukela emgudwini womchamo.

71 Manje, qaphelani kulokhu, bese-ke lelongqamuzana lihlala lapho, lingudeveli. Wakha ukuphila; uyakhula, uya ngokuba-mkhulu futhi uba-mkhulu. Unomsebenzi owodwa azowenza, lowo owokuba, athathe ukuphila kwakho. UDeveli umthumelele lokho, ukufinyeza izinsuku zakho zamashumi ayisikhombisa.

72 Manje, ngimethulela isigqoko wonke udokotela. Yebo, mnumzane. Yonke isayense yezokwelapha, uNkulunkulu ababusise ngosizo abalwenzele abantu. Lokho kungokulungile. Ubungenzani ezweni namhlanje ngaphandle kwayo na? Ngiyambonga uNkulunkulu ngesayense yezokwelapha. Ngiyambonga uNkulunkulu ngemoto yami. Ukuba uNkulunkulu wayengayivumelanga isayense ingenzele imoto, bengiyoba nesikhathi esinzima ukuba ngikhuphukele lapha. Ngamalambu kagesi, nangensipho yokuba ngiwashe ngayo izandla zami, nomuthi wokuxubha ukuba ngixubhe amazinyo ami, impela. NgiMbonga ngakho konke, ngoba zonke izinto ezinhle zivela kuNkulunkulu.

73 Kodwa ake nginitshele, akukho nelilodwa ichashazana lomuthi eselake laphilisa noma yisiphi isifo. Futhi akukho namunye udokotela, akekho ngaphandle uma enguwaka othize, kodwa udokotela wangempela uyokutshela ukuthi abazisho ukuthi bangabaphilisi. Khona impela ezeLamanini zakwaMayo, abaningi benu . . . Sebeke baxoxisana nami lapho, izikhathi ezimbili noma ezintathu. Ngeziguli ezivela lapho, ezingelapheki . . . Nayifunda i*Reader's Digest*, ephume ngoNovemba na? Bangaki abayifunda ephume ngoNovemba, lolodaba lwami phakathi lapho, kwi*Reader's Digest* na? Niyabo? Futhi bangenyusela lapho, ingxoxiswano ngengane abase beyidelile ukuthi ingaphila. Bathi, "Ngeke kwenzeka." Kodwa uMoya oNgcwele wakhuluma kimi futhi wangitshela ukuthi kuyokwenzeka kanjani, futhi kwenzeka. Kulungile. Manje, bangibizela enhla lapho. Futhi khona enhla phezu komnyango lapho khona oJimmy, uMayo wayevamise ukuba lapho, kukhona enkulukazi isayini eyayithi, "Asizisho ukuthi

singabelaphi. Sizisho ukuthi sisiza imvelo. Munye uMelaphi, lowo nguNkulunkulu." Babedlula bonke ezweni. Manje, sinowaka abambalwa, yebo. Kunjalo. Sinowaka abathize babashumayeli, futhi. Kulungile. Ngakho, lokho kuhamba macala onke.

74 Qaphelani, kodwa noma yimuphi umuntu ozisho ukuthi ungumphilisi, ungumlandi wezinsumansumane, ngoba akakwazi ukukwenza. Ngokuba iBhayibheli lathi, "NgiyiNkosi Eithethelela zonke izono zakho eyelapha zonke izifo zakho."

75 Kade ngisekufundisiseni. Futhi endlini yami, i . . . abanye bodokotela ababedlula bonke ezizweni zonke uke wafika. Awulazi imuva lempilo, mngane, ukwazi ukuthi bekunjani, nezinto engingazikhulumi ngaphandle emphakathini. Amadoda eza ngasese. Futhi ungacabangi ukuthi ayikho inqwaba yoNikodemu abasekhona ezweni; impela usekhona, izinkulungwane zabo. Bayakubuka lokho futhi beze emhlanganweni. Bahlale lapho begqoke isikipha, into ethize ethi ayifane nalokho, namagama aphucukile ongamangala, ahlale khona impela emhlanganweni. Ezinsukwini ezimbalwa bahambahambe ngokuthi nyelele khona lapha futhi bangene ngasese, futhi bathumele omunye ukuba azoba nengxoxiswano. Futhi basho khona manje, bathi, "Mfowethu Branham, ngikholwa ukuthi Lokho yiQiniso." Bangumuntu ngokufanayo njengoba siyibo nje nathi. Impela. Futhi wonke umuntu ufisa ukubheka ngaleya kwaleyoveli emnyama ngaleya ayofanele adlule kuyo ngelinye ilanga.

76 Kodwa leyomidlavuza nalezizinto zingodeveli uqobo bebumbeka emzimbeni wenyama, yenyuka, ithatha impilo yakho.

77 Manje, ukuba bengizokwenza njengodokotela, uma bengingawusika, ngiwubeke emhlabathini . . . Noma, njenganje, ake sithi, isibonelo nje, ubuwumdlavuza, qobo lwakho, kulomhlaba. Manje, nakhu ukuphulukisa kukaNkulunkulu. Ukuba bengifuna ukukususa ngendlela yendlela kadokotela, bengizovele ngigcine . . . bengizofanele ngihlikihle umzimba wakho, noma okuthize okunye, uze nje ushabalale wonke emhlabeni. Ubungeke usabakhona, njengodokotela nje esusa isimilela sakho. Kodwa esimweni sokuphulukisa kukaNkulunkulu, ukuba ubuwumdlavuza, Bengizovele ngibize ukuphila kwakho kuphume kuwe, futhi ubuzoqhubeka. Ukuphila kwakho bekuzokushiya, kodwa umzimba wakho ubuzoba lapha ngokufanayo nje njengoba ubunjalo.

78 Manje, yilapho-ke ukubona nesikhathi kuyisitha sikaNkulunkulu esibi kunazo zonke ekuphulukiseni kukaNkulunkulu. Angazi noma uMfowethu Baxter uke angene kulezizinto emhlanganweni. Ngihlala phansi, ngamchazela khona noMfowethu Bosworth, ngiphindaphinda. Kodwa nakhu okwenzekile. Ngiyangabaza ukuthi ngabe abaningi kubantu

bayakuthola yini, ngoba, emva kwesikhashana, uqala ukuthola abantu sebebuya, bethi, “Ngibenakho ukuphulukiswa kwami, Mfowethu Branham, izinsuku ezimbili noma ezintathu, kodwa, akabusiswe uNkulunkulu, ku—kusukile kimi.” Futhi ngikuthole, futhi ngicabanga ukuthi yingoba abawuhleli kahle umhlangano. Abantu abaqondi. Ngike ngaba nabantu abeza emsamo futhi bebe beyizimpumputhe uqobo, imidlavuza, noma izilazi zamehlo phezu kwamehlo abo, futhi bafunde leliBhayibheli emva kokuba sebekhulekelwe, behle; ezinsukwini ezintathu noma ezine babeyizimpumputhe njengoba nje bebenjalo ekuqaleni. Kwenzekani na? Noma ubani uyazi ukuthi uma ukuphila sekuphumile kunoma yiyiphi inyama, iyashwabana isikhashana, Kunjalo na?

79 Ukhona oke, lapha, abulale inyamazane enezimpondo ezingamagatsha, noma inkomazi, noma yini into enjengaleyo na? Impela. Kulungile. Uyayikala kulobubusuku, nina bazingeli phandle lapha, bangane bami. Ubulala inyamazane enezimpondo ezingamagatsha futhi uyiphose esikalini, utshele abafana ukuthi isinda kangakanani. Qaphela! Ekuseni izoba lula ngamaphawondi amaningana kunalokho ekade iyikho. Uma isidalwa esingumuntu sifa, umngcwabi, into yokuqala, uthatha amazinyo okufakelwa noma yiso, noma yini ephakathi lapho, akukhiphe; ngoba, kuyashwabana, kuzophushekela ngaphandle ngoba umzimba womuntu uyashwabana. Yonke enye inyama iyashwabana. Uma ukuphila sekuphumile engqamuzaneni, iqala ukwehla, ishwabane. Iyokwenza lokho cishe amahora angamashumi ayisikhombisa-nambili. Uzobuye futhi uqale ukuqumba. Ake inja encane igaywe yimoto, phandle lapha emgwaqeni. Ake ilale lapho elangeni cishe izinsuku ezintathu, futhi uqaphele ukuthi kwenzekeni. Iyinja enkulu ukwedlula ebike yaba yikho. Iyaqumba. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

80 Awu, leyo yinto efanayo eyenzekayo uma i—idemoni likhishwa kumuntu ogulayo. Izinsuku ezimbalwa zokuqala. “O, ngizizwa ngimangalisa.” Bese uqala ukuthi, “Sengi—sengigula ukwedlula e—ebengike ngaba yikho. Ngilahlekelwe ukuphulukiswa kwami.” Impela nje njengoba ukukholwa kukukhiphile, ukungakholwa kukubuyisa ngqo futhi. Njengoba ukukholwa kukubulala, ukungakholwa kuyakuvusa. UJesu wathi, “Nxa umoya ongcolileyo esephumile kumuntu, uyadabula izindawo ezingenamanzi bese ebuya nabanye odeveli abayisikhombisa.” Futhi uma umuntu olungileyo wendlu engamile lapho ukuvikela lowomnyango, uyobuya ngqo ungene. Futhi umuntu olungileyo wendlu yakho ungukukholwa kwakho. Thana, “Suka!” Yilokho-ke.

81 Kodwa manje qaphela isiguli esesiphulukisiwe, imvama, ngaphandle uma kuyisimangaliso esiqhamile. Okungukuthi, ukuphulukisa kukaNkulunkulu nesimangaliso yizinto ezimbili

ezehlukene. Ukuphulukisa kukaNkulunkulu, yinto eyodwa; isimangaliso enye into. Kodwa ukwenzeka okuvamisile kokuphulukisa kukaNkulunkulu, uma umoya ongcolile ukhishwa, udeveli womdlavuza, uma ususuka kumuntu, "O!" Manje, noma asithi sizothatha okuthize ukuze nibone ngokubonakalayo kakhulu, ngizothi, isilazi esisesweni. Kusuke kwenzekeni uma lowomuntu . . . Uma nizoqaphela umuntu oyimpumputhe. Angazi noma sengake ngabanaye lapha noma qha, okwamanje, amehlo anezilazi. Ngiyabamisa imizuzu embalwa. Ngani na? Ukuze lokho kushwabana kuqale ukwenzeka. Ngibatshele ukuba babuye, basiphe ubufakazi. "O, he!" Bangabona ngokumangalisayo. "O, he! Nje, ngiyakwazi ukubona izinto! Yebo! Ngi . . . " Yini indaba na? Ukuphila kusuke sekuhambile; umzimba wesilazi esisesweni uyashwabana. Awu, siyokwenza lokho izinsuku ezithi azibe mbili. Athi, "O, sengiyaphila impela."

82 Futhi emva kwesikhashana, baqala ukuphathwa yikhanda, bangazizwa bekahle kangako. Bavuke ngakusasa ekuseni, "Angisaboni futhi."

83 Abanye babo bathi, "Ehhe, uvele waxovwa nje. Lesosigejane sabaginqiki abangcwele sikuxovile." Ungakukholwa lokho! Lawo amanga kaDeveli. Uma ukukholwa lokho, uzobuyela emuva usuyimpumputhe futhi.

Kodwa uma nje uzobambelela, uthi, "Qha. Nkosi, ngiyakholwa."

84 Bese kwenzekani-ke na? Lowomzimba uvuvukala isikhathi eside. Uphinde umboze lokho kubona futhi. Lowomdlavuza emzimbeni uyovuvukala. Uyothunukala kuphinde kube buhlungu futhi. Uyobe-ke usugula kabi, ugule kabi. Ngani na? Lesosimilela esikhulu senyama esifile kuwe silele lapho, sifile.

85 Buyela emuva, udokotela futhi uthi, "O, umbhedo lowo. Nankuya umdlavuza ukhona khona lapho. Ngiyawubona." Impela, ukhona, kodwa ufile. Haleluya!

86 Manje, umgudu wegazi ufanele uhlanze umzimba. Sonke isikhathi uma inhliziyo iphampa, iphosa igazi lijikeleze nomzimba, futhi licosha lesosifo esithelelanayo. Impela, siyokugulisa. Ukuba-ke ubunesigaxa senyama ilenga kuwe ndawo ndawo, noma iyinde njengenyoka, noma into ethize enkulu ezongolozele njengomunwe wakho, futhi ilenga phakathi lapho, futhi ifile, leyonyama efe kangako elenga phakathi kuwe, futhi ibola na? Awu, kusobala, umgudu wegazi lakho uzofanele ukuhlanze lokho, lapho liphampa ledlula. Kodwa kukhona umzimba ofile, into ilenga lapho, ngoba ukuphila sekuhambile kukho. Amandla kaNkulunkulu, ngokukholwa, akuxoshile. Uyidemoni; ufanele ahambe.

87 Kodwa, isizathu, abantu kabafundisekile. Bayamuka, balahle ithemba. Nalowodeveli ofanayo emi khona lapho, ukuphinde engamele futhi. Uma uNkulunkulu ekutshela noma yini kulomsamo, ngoMoya waKhe, uma kuphansi kokuphefumulelwa, ungakungabazi lokho, kungenjalo into embi kakhulu izokwehlela phezu kwakho, Washo. Ngokuba uJesu wathi, "Ukugcina kwalowomuntu kwaba kubi ngokuphindwe kasikhombisa kunanjengoba bekunjalo ekuqaleni." Kunjalo na? Ngenkathi umoya ongcolile uphuma kumuntu, wahamba hamba ezindaweni ezingenamanzi, wabuya nabanye odeveli abayisikhombisa. Ngakho, ungabi ngongakholwayo. Hlala naWo ngqo. Qiniseka ngaWo, enhliziyweni yakho. Thana, "Qha, mnumzane! Angizukuzanyazanyiswa! Akunandaba ukuthi ngithola ukugula kangakanani, lokho akuhlangene nakho." Bese, into yokuqala uyazi, uzoya ngokucaca. Yonke into iyohamba kahle-ke. Niyabo, sesifile. U—ukuhlinza kukadokotela abezosikhipha ngakho kuwe, lesosimilela esifanayo silele phakathi kuwe, singasenakuphila kuso.

88 Wena uthi, "Ukuphila kuso, Mfowethu Branham, sizothatha ukuphila kwami na?" Qha, mnumzane. Lokho kuphila kungukuphila okwehlukile kokwakho. Senginikhombisile nje ukuthi wena ungukuphila futhi uba yisidalwa, ngakho kungukuphila futhi kuba yisidalwa; futhi wena ungokaNkulunkulu, nakho kungokukaDeveli. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Ubudemoni. Manje, benifanele nibone ukuthi leyonto ibukeka injani uma umi uyibuka.

89 O, he, ngiyaxolisa, selicishe ligamanxe elesithathu. Ngiyaxolisa. Bukani, bangane. O, okudingwa yileliZwe!

90 Sengibe cishe neminyaka eyisikhombisa, ngifundisa iMelika yonke, nginalezizinkonzo zokuphulukisa. Nginokuqonda okuhle nje ukuqala emuva ezweni lonke, ngifundisa iBhayibheli, nangobudemoni, ukuthi abantu bangaqonda kanjani ukuthi bafanele benzeni. Futhi yingalesosizathu . . . Baya kulemihlangano, izikhathi eziningi. Futhi, bafo, uma ningaqondi, abantu bayaphuma futhi, izikhathi eziningi . . .

Manje, niyamkhumbula lowomfo owafika futhi wathi wayenesiphiwo sokuphulukisa kukaNkulunkulu na? Isiphiwo sokuphulukisa kukaNkulunkulu sasikuwe uma waphulukiswa. Singuwe, wedwa. Noma yisiphi isiphiwo sisebenza ngokukholwa. Futhi akunandaba ukuthi nginesiphiwo sokuphulukisa kukaNkulunkulu esingakanani, ngisikholwa ngenhliziyo yami yonke, kodwa ubungama lapha futhi, uma ungenalo uhlobo olufanayo lokukholwa, akukusizi ngalutho. Bengingakukhulekela, amahora namaviki nezinyanga. Akusibo abashumayeli nokuphulukisa kukaNkulunkulu. Nguwe onesiphiwo sokuphulukisa kukaNkulunkulu, okholelwa ekuphulukisweni, ngoba kungokukholwa. Ngokukholwa! Konke ukusebenza kukaNkulunkulu kungokukholwa.

91 Zonke izikhali zikaNkulunkulu zingokukholwa. Asinayo neyodwa into yemvelo yalelizwe. Konke okwe—okwebandla lamaKristu kuyisenzo sokukholwa. Bukani izikhali zikaNkulunkulu, uthando, ukujabula, ukuthula, ukubekezela, ubuvi, ubumnene, ububele, ukukhuthazela. Kunjalo na? Konke akusikho okwemvelo yasemhlabeni, akukho okwemvelo. Ngakho asibuki ezintweni zemvelo, ngoba sisebenza okungesikho okwemvelo yasemhlabeni. Futhi indlela kuphela esingakwesekela ngayo, ngukukholwa, kuphezu kwalokho uNkulunkulu athi kwakuyiQiniso, futhi sibuka Okungabonwayo. Futhi sibiza lezozinto ezingekho, ngokungathi zazikhona; njengoba kwenza uAbrahama, futhi wakuthola. Amen! UAbrahama wabiza lezozinto okwakungekho, njengoba kwenza uNkulunkulu, ngokungathi zazikhona. Eneminyaka eyikhulu ubudala, akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa.

92 Sengathi nje ngiyakubona lokho, awukuboni wena na? Nibone uSara evuka ngokunye ukusa. UNkulunkulu wathi, "Abrahama!" Wathi, "Abrahama, uzoba nengane."

93 USara wavuka. Wathi, "Uzizwa unjani, Sara na?" Lesi yisixuku esixubile, kodwa lalelani.

"Akukho kwehluka."

94 "Awu, udumo kuNkulunkulu, sizoba nakho! Hamba uyothenga iphethini emagqabhagqabha neziqhano, nakho konke. Lunga."

Kulungile, yedlula enye inyanga. "Sara, uzizwa unjani na?"

"Akukho kwehluka."

Kwedlula unyaka. "Sara, sekunjani na?"

"Akukho kwehluka."

Kwedlula iminyaka eyishumi. "Akukho kwehluka."

Kwedlula iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu. "Akukho kwehluka."

95 UAbrahama, esikhundleni sokuba abebuthakathaka, waya ngokuqina ngokuqina. Wayazi ukuthi kwakuzoba yisimangaliso esikhulu ngaso sonke isikhathi, ngoba wamkholwa uNkulunkulu, futhi akangabazanga ngesethembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa. Wathi, "Sizoba nakho!" Futhi ngokunye ukusa isizalo sikaSara siqala ukukhukhumala, noIsaka omncane wazalwa, ngoba uAbrahama wamkholwa uNkulunkulu. Futhi wabuka izinto, futhi wabala lezozinto okwakungekho ngokungathi zazikhona.

96 Hhayi ngemizwa, hhayi ngokubona. Awuhambi ngemizwa noma ukubona. Kungokukholwa. Futhi uma uNkulunkulu ememezele noma yini, wathi, "Nakho konke eningakucela, uma nikhuleka, kholwani ukuthi niyakwemukela," bese nibambelela

kukho. UNkulunkulu washo njalo, kuzofanele kubenjalo! Amen. Amademoni!

Ukukholwa kuYise, ukukholwa eNdodaneni,
Ukukholwa kuMoya oNgcwele, abathathu koYedwa;
Amademoni ayothuthumela nezoni ziphaphame;
Ukukholwa kuJehova kuyonyakazisa noma yini.

Kunjalo. O, he! Impela kunjalo. Kholwa nguNkulunkulu. Bhekani kuYe. Ninganyakazi. Hlalani khona lapho. UNkulunkulu washo njalo!

97 Futhi, amademoni, ayini na? Ayizidalwa ezingumoya. Manje, u—udokotela uthi, "Unomdlavuza. Une TB. Unesilazi esweni. Unezibhobo. Una*lokhu*." Ngudeveli. Ngukuphila, futhi emva kwalokho kuphila ngumoya. Bangaki kowaziyo nabangawubona lowomdlavuza, isilazi esisesweni, sine—sine . . . Ngumoya, sino—sinokuphila kuso. Awu, akukho okungaba nokuphila ngaphandle komoya, niyabo, ngakho kufanele kube nokuphila ukusebenza lokho, ndawo ndawo.

98 Ngisho nalesosihlahla lapho sinokuphila kuso. Yonke isayense ezweni ayikwazanga ukwenza nowodwa umucu wotshani. Benikwazi lokho na? Benza into ebukeka ifana nabo, kodwa abakwazi ukuthola indlela yokwenza ukuphila. Lowo nguNkulunkulu. Niyabo? UJesu wathi esihlahleni, "Mawuqalekiswe. Awunasithelo, futhi awusoze ube naso." Bedlula ngalapho sebebuya. Kwakucishe kube ngelesishiyagalombili nqo ngalokho kusa. Bedlula sebebuya cishe ngeleshumi nanye nqo, lapho besayokudla idina. UPetro wathi, "Awubheke lesosihlahla, sesife kusukela ezimpandeni kukhuphuke." Ngani na? UJesu wathethisa ukuphila okwakukulesosihlahla, okwakusezimpandeni, nayoyonke into yafa. Haleluya!

99 LowoKristu ofanayo angawuthethisa umdlavuza kusukela ezimpandeni, futhi yonke into iyokufa. Lesosihlahla sasimi lapho ngokufanayo nje njengoba sasinjalo, emahoreni ngaphambili, kodwa uthola amaqabunga eqala ukuwohloka, bese-ke ubona ixolo liqala ukuxebuka. Ne . . . Siqala ukudleka, usuku nosuku, neviki neviki, futhi emva kwesikhashana kwakungasekho ngisho ichashaza elilodwa lalesosihlahla elase lisele. Haleluya! Umdlavuza, ithumba, isilazi seso, kumbe noma yini okunye, kuyodingeka kuhambe uma uKristu ekhuluma. Wakhipha amademoni. Futhi Wathi, "NgeGama laMi bayakukhipha amademoni, bashumayele ngezilimi ezintsha, baphathe izinyoka, noma baphuze okubulalayo, akusoze kwabalimaza. Uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, basinde."

100 NiyaMthanda na? Ngiyaxolisa senginibambezele ngehora lapha kulentambama, nihlezi lapha. Niyayithanda iNkosi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kuzokwenzekani manje na? Uma nemukela uKristu njengomphulukisi wenu, futhi nikholwe enhliziyweni yenu ukuthi kukhona okwenzeke kini . . . Futhi niyakholwa ukuthi seniphulukisiwe na? Nizokholwa ukuthi seniphulukisiwe na? Ningamvumeli uDeveli aniqhasele ngokunye okungelutho. Qhubekani nje.

"Dokotela," thana—thana, "dokotela, kubukeka kanjani na?"

Wathi, "Ngani, usalokhu ukhona."

101 Enhliziyweni yakho uyazi, uyazi ukuthi kwenzekeni. Hhe! Into yokuqala niyazi, uthi, "Awusho, ngiyamangala ukuthi kwenzekeni kuleyonto na?"

102 Bese uthi, "Buka, dokotela, ngizokutshela. Nakhu okwenzekayo, uJesu Kristu wangiphulukisa. Kunjalo. UJesu Kristu wangiphulukisa."

103 Kulungile, asikhothamise amakhanda ethu okwesikhashana. Mfowethu Willetts, ungeza lapha umzuzu nje, mfowethu na?

104 Manje Baba waseZulwini, siyabonga ngeGazi likaKristu. futhi mhlawumbe ngezinye izikhathi ukuthi inceku yaKho, Nkosi, ayisebenzisi ukuhlakanipha, ngokukhuluma isikhathi eside kangaka. Kodwa mhlawumbe ngingazizwa njengoPawulu, owashumayela ubusuku bonke ngobunye ubusuku. Umfo omncane wawa efasiteleni futhi wafa. Futhi lowomphostoli, eneZwi likaNkulunkulu empilweni yakhe, wahamba wabeka umzimba wakhe phezu komfana, ukuphila kwangena kuye futhi wabuye waphila.

105 Nkulunkulu othandekayo, ngiyaqonda ukuthi ukushona kwelanga lalempucuko enkulu manje seliyashona, seledlule kakhulu, imini isihambile, lawomathunzi akusihlwa aseyawa. UkuKhanya okukhulu sekuyaphuma kuvela eMbusweni kaNkunkulu, ukuthatha indawo yakho yalobu ubumnyama obuyisigayegaye obuza emhlabeni. Nkulunkulu, ngiyaqonda ukuthi ngiyaguga nsuku zonke. Mangihambe, Nkosi. Ngiphe amandla. Ngisize ukuba ngikhulume ngaleliQiniso elikhulu ndawo zonke. Sisize, kusasa ntambama, ukuthi sizoqonda okuningi.

106 Futhi, Nkulunkulu othandekayo, busisa lezizethameli ezincane kulentambama. Kulobubusuku, uma sebebuthanela ukungena enkonzweni yokuphulukiswa, sengathi wonke owesilisa nawo wonke owesifazane bangabuthana futhi bahambe bexoxa, futhi bethi, "Manje, nanti i . . . ni—ningabe nisaba nakho okunye ukungabaza. Siyaqonda ukuthi kuphumaphi manje. Siyazi ukuthi ngudeveli. Futhi siyazi ukuthi uma esehamba ufanele eze ngomyalo kaNkulunkulu.

Ufanele. UNkulunkulu useshilo kanjalo. Uzofanele ahambe.” Bese, sengathi bangaphuma, bejabule, bethokoza, bebiza ukuphulukiswa kwabo. Akukho lutho, makungami lutho endleleni yabo, kungabe kusaphinda; nje bahambe, bekholwa.

107 Futhi, Nkulunkulu, sengathi lelibandla elincane lapha, nalamabandla anobambiswano, angaba nemvuselelo emva kwalomhlangano, Nkosi, elizowuthwala nje lihambe nawo, futhi amaningi amakhulu emiphefumulo alethwe embusweni kaNkulunkulu. Siphe khona, Baba. Sengathi abesilisa nabesifazane lapha, abavela ezizweni zonke nezinye izindawo, sengathi bangathatha uMlayezo bawubuyisele emabandleni abo, futhi sengathi bangaba nemvuselelo eyimfashini endala. Siphe khona, Nkosi. Sithethelele izono zethu manje. Sisize sibe yizinceku zaKho. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

108 Angazi, nisahlezi lapha, sikhona yini isoni endlini namhlanje, esingathi, “Mfowethu Branham, ngikhumbule emkhulekweni na”? Ungakwenza, ungasiphakamisa isandla sakho na? Ukhona umuntu oyisoni na? Angi . . . UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Ukhona na? UNkulunkulu akubusise, mnumzane. Wena, nawe, nawe, uNkulunkulu akubusise. Angazi noma u . . . Manje, lokhu kukuwe.

109 Niyabo, angikholelwa ekubuyeleni ngiyongena ezethamelini. Angibasoli abanye abakwenzayo. Angikholelwa ekuhambeni ngiyongena ezethamelini futhi ngizame ukudonsa omunye. Niyabo? “Akekho ongeza, ngaphandle kukaBaba Owamdonsa.” Niyabo? Kunjalo. Uyamdonsa nje engathandi. Niyabo? Kodwa uma uNkulunkulu engqongqotha enhliziyweni yakho, ungumuntu onenhlanhla enkulu kunabo bonke ezweni. Anazi nje ukuthi bangaki abantu engikhulume nabo.

